## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 **UMBHALO A (Ofundwayo)**

1.1.1 Ukubona isikhathi sihamba ngesivinini kungenzeki lokho asuke ekulindile.√√ (2)

1.1.2 Uwuthola emva kwezinyanga eziyisishiyagalolunye/eziyisi-9.√ (1)

1.1.3 Esigabeni sesine intsha ingena otakwini engeke ikwazi ukuphuma kulona/bangenwa izifo/bayakhulelwa/bakhulelise.√ Esigabeni sesihlanu bagcina sebekhalelwe amasongo kaSigonyela (bayaboshwa/bazimbandakanya ezenzweni zobugebengu.√ (2)

1.1.4 Izingane ezingafundisekile ziyehluleka ukubekezela/ azifuni ukuthi lokho ezikucelayo zikunikwe ngesikhathi esifanele.√ Ezitolo zikhala ziteteme,√ zizibhuquza phansi/zizibhonqa phansi√. (3)

1.1.5 B√/Angajahi Izinto ezikude.√ (1)

1.1.6 Umbhali uhlose ukufundisa ngokulinda/ukuxwayisa ngobungozi bokungalindi/imiphumela emibi ebangwa ukungalindi.√ (Ephuzwini ngalinye makenabe.√√) (3)

1.1.7
- Kungaba nomphumela omubi ngoba abanye bangavukwa yizifo zabo zobudala.√
- bangahlaselwa yizigebengu besalindile,√
- bangabulawa yindlala√
- bangaswela nezinto zokuhamba uma sebebuyela emakhaya.√
- (nezinye izimpendulo **EZINEMBAYO**). (4)

1.1.8 Ngiyavumelana ngoba uma wenza into sekufike isikhathi sokuba uyenze iba nemiphumela emihle/awubi nazo izinkinga.√√/ Angivumelani ngoba kwesinye isikhathi uyaphoqeleka ukuba wenze into ngokushesha unethemba lokuthi ngeke kube nomonakalo.√√
(nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

1.1.9 Ngingamgxeka ngokuthi usuke engenabo ubuntu futhi engathembekile ngoba ugcina echithela abantu isikhathi ngento azi kahle ukuthi uzogcina engafikanga lapho. (Nezinye izimpendulo ezinokugxeka/ububi/ezizoveza isenzo esibi sokulindisa umuntu) √√ (2)

1.2 **UMBHALO B (Obukwayo)**

1.2.1 Yingoba balindiswe endaweni ehleleke kahle abaningi babo bahlezi ezihlalweni babonakala sebeqalile ukuthola usizo lwabakuzele/Kukhona obonakala sengathi ubachazela okuthile futhi bakhombisa ukumlalela/baphethe amapheshana okungenzeka ukuthi akhombisa ukuthi sebeqalile ukuthola usizo√√ (2)

1.2.2 Bakhombisa umuzwa wokudinwa/ukucikeka/wokuphelelwa isineke√ sebeme isikhathi eside omunye ubuka iwashi, omunye ubambelele edanda, omunye ukhuluma nomakhalekhukhwini. (2)

1.2.3 Embhalweni A umbhali ugcizelela ukuthi abantu abazifundise ukulinda ukuze bathole lokho abakudingayo ngendlela nangesikhathi esifanele√√ kanti nasesithombeni sesithathu abantu babekezelele amakhaza kanye nobude bomugqa inqobo nje uma begcine bekutholile abakuzele kule ndawo.√√ (4)

1.2.4 Kwamukelekile ngoba kuyacasula ukulinda isikhathi eside ungalutholi usizo oludingayo.√√ /Akwamukelekile ngoba kumele sizifundise ukulinda ngoba usizo aluqhamuki ngesikhathi esifunwa yithina.√√ (2)
**[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

### UMBHALO C

**Ukufingqa ngesigaba**

Kumele ube nohlaka olucacile lwebhizinisi oluzoba ngumhlahlandlela wokuqala leli bhizinisi olifunayo ukuze liphumelele. Kubalulekile ukuthola usizo lokuqeqeshwa ngabanolwazi olunzulu lwalolo hlobo lwebhizinisi olikhethile ukuze bakuhlomise. Khetha indawo okulula ukuba abantu abathenga kuwe bakwazi ukufinyelela kuyona ngokushesha. Ungaboleka imali yokuqala ibhizinisi ezikhungweni ezisemthethweni zokubolekisa ngemali. Uhlobo lwebhizinisi ozolikhetha akube olwamukelekile ngokomthetho wamabhizinisi akuleli.
Kufanele uqambe ibhizinisi lakho ngegama elizokwaziwa ngalo. Ulibhalise ibhizinisi lakho esikhungweni sokukhokha intela esibizwa ngokuthi ikwa-*SARS* ukuze libe nenombolo yentela. **(70)**

| **Amaphuzu acashuniwe** | | **Amaphuzu owabeke ngamagama akho** | |
|---|---|---|---|
| 1 | Ukuqala ibhizinisi ngempumelelo kudinga ube nohlaka lwebhizinisi olucacisa indlela ozosebenza ngayo. | 1 | Kumele ube nohlaka lwebhizinisi oluzoba ngumhlahlandlela ukuze uphumelele. |
| 2 | Kubalulekile ukuthola ulwazi nokuqeqeshwa ngabantu abanolwazi olunzulu ohlobeni lwebhizinisi olikhethile. | 2 | Kusemqoka ukufundiswa abantu asebemnkantshubomvu/ngabantu abanolwazi kwezamabhizinisi. |
| 3 | Indawo oyikhethayo makube efanele amakhasimende akho nohlobo lwebhizinisi olikhethile futhi kufinyeleleke kuyo kalula. | 3 | Khetha indawo okulula ukuba abantu abathenga kuwe bakwazi ukufinyelela kuyona. |
| 4 | Ukuthola uxhaso lwemali kungokunye kwemigogodla yokuqala ibhizinisi lakho ngempumelelo. | 4 | Boleka imali yokuqala ibhizinisi ezikhungweni/izindawo zokubolekisa ngemali. |
| 5 | Ibhizinisi olikhethile makube ngelohlobo olusezinhleni zamabhizinisi akuleli. | 5 | Khetha uhlobo lwebhizinisi olwamukelekile ngokomthetho wamabhizinisi akuleli. |
| 6 | Bhalisa igama ibhizinisi lakho elizokwaziwa futhi lihwebe ngalo. | 6 | Qamba ibhizinisi lakho ngegama elizobizwa ngalo. |
| 7 | Kumele ubhalise emahhovisi okukhokhwa kwentela abizwa nge-*SARS* ukuze uthole isitifiketi esinenombolo yentela. | 7 | Bhalisa ibhizinisi lakho kwa-*SARS* ukuze libe nenombolo yentela. |

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ANNEXURE A

### Indlela yokumaka ukufingqa

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6-7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1-5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

**QAPHELA**: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3:

3.1 Umsebenzi wokukhangisa owenziwa yinkampani iThuthuka Nathi/inkampani ezikhangisayo/√ (1)

3.2
- Isihloko sesikhangisi sibhalwe ngamagama agqamile.√
- Kusetshenziswe ulimi oluncengayo.√
- Kuvezwe isaphulelo esizozuzwa abazokhangiselwa.√
- Yizinto abazozizuza uma bekhangiselwa yile nkampani.√
- Umuntu okhuphuka izitebhisi kutshengisa ukukhula ebhizinisini. √
- Ukusebenzisa amafonti ahlukahlukene. √

(okuthathu kwalokhu) (3)

3.3 Uhlose ukwakha isithombe sokuthi uma ukhangiselwa yile nkampani, inkampani yakho izokhula idlondlobale yaziwe izwe lonke.√√
(nezinye izimpendulo ezinembayo ezimayelana nomqondo wokukhula kwebhizinisi) (2)

3.4 Osomabhizinisi abasafufusa bazophuthuma bafake izicelo zokukhangisa basebenzise izindlela zokuxhumana ezinikeziwe ukuze bazithole izikhala zokukhangisa.√√ (2)

3.5 Umkhangisi ulusebenzise kahle ulimi olunxenxayo ngoba uthe, 'PHUTHUMA, IZIKHALA ZOKUKHANGISA ZIYI-100 KUPHELA EZISELE!' Lokhu kuyakunxenxa/kuyakugqugquzela ngoba izikhala ezisele zimbalwa.√√ (2)

**[10]**

### UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

4.1
- Ukuvala umlomo wengane ukuze ingakwazi ukudla futhi ingezwakali ngisho ikhala.√
- Ukuphumelela ukuba umama akwazi ukuyifunza angezwa ukuthi ufunza yona.√

(2)

4.2 Abantu bathatha izinto zabanye abantu ngobuqili, bakhululeke futhi bagcine bengazange babanjwe njengoba kwenza le nja.√√ (2)

4.3 Kusuka ngehora lesi-7/lesikhombisa√ kusihlwa/ntambama/ebusuku.√ (2)

4.4 Omama abathanda ukubuka kakhulu amasophi kumabonakude bagcina benza ubudedengu bakhohlwe imisebenzi yasendlini ebalulekile okumele bayenze ngaleso sikhathi.√√ Njengalo mama okule khathuni ingqondo yakhe igxile kakhulu kumasophi awabukayo ingane yakhe ayembethe ngenhla ekubeni kusebusuku, akayizwa noma ikhala nokudla kwayo kudliwa yinja.√√ (4)

**[10]**

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Lenze umsebenzi wokuchaza ibizo izingane/liyachaza/lisitshela kabanzi ngoSobizo.√ (1)

5.2 <u>Eziningi</u> (izingane) zinawo umkhuba wokungabongi.√ (1)

5.3 Umqondo wokulandula/wokuphika.√ (1)

5.4 Ngingalidlala ibhola.√
(Imisho iyokwehluka kodwa isakhi masiveze umqondo wokungenzeka/indlela yamandla.) (1)

5.5 Odokotela babelethisa umama wathola umntwana womfana.√/Udadewethu wangibelethisa ingane ngembeleko.√ (1)

5.6 B/ukwenza okungemukelekile.√ (1)

5.7
- Kuwumsebenzi womzali ukukhulisa ingane.√ (1)
- Kuwumsebenzi womzali ukunakekele ingane.√ (1)

5.8 Uze athi,√ "INkosi ikubusise mntanami."√ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha